

Inkanyiso, 24 March 1892

NEWSPAPER: *Inkanyiso*  
DATE: 24 March 1892, p5.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso*.)

MNGANE,-Ngicela ibalana elingengakanani epepeni lako ukuba kengikanyisele abakiti abafunda *Inkanyiso* ngalel'igama lika Gqainyanga.

Banengi abahlupekayo ngokungamazi lomuntu u Gqainyanga ukuba unjani. Kepa mina ngiyamangala, ngoba siyaloba sonke epepeni, kasibuzwa muntu ukuti sinjani; angazi-ke uba yena ubuzwa ngoba ekuluma mazwi mani. Niyabona, madoda, o Gqainyanga laba babe kwomkulu e Mgungundhlovu, kusabusa inkosi u Dingane kwa Zulu, ababehamba ebusuku bangalali kuze kuse, babone yonke imikuba egilwa ngabantu pakati kwobusuku; nalabo abenza okubi babonwe ibo, babikele inkosi itule nako; kuze kuti mhlana lomuntu'owonayo, kutetwatetwe icala lake, abesebulawa ngoba'aziwa ukuti uyingilamkuba. Niyambona kambe lo owakiti u Gqainyanga ngowakwa Kwini, lapa kungabulawa muntu ngapandhle kwokutshengiswa icala lake afunyenwe elenza; ngaloko yena uti ukuba ahambe, apenduke nezindaba azibonileyo nazizwileyo, azibike; ngoba pela kanako ukuzifihla – angebe Gqainyanga efihla. Ngokuswela isikati ngiyanazisa ngiti kuhle nje ati omlobelayo amlobele, abuze elinge ilo, ukuze nati simsole ngokusibikela okungeqiniso. Ngopinda ngilobe ngaloludaba.

MAGEMA MAGWAZA

TRANSCRIBER:  
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.  
Student, MA in Historical Studies, UCT.